Uma uya eTekwini

ungatanda ukuqonda ukuti INDHLU YEMITI ENOSIZO IMPELA EYENZIWA UMENZI KA MATUKULULA konje ipi, munye swi eyena yena mKemisi wabantu ungamfumana ku 13 RAILWAY STREET.

Eduse neshebhu lamaHanisi lakwa Miles.

E RAILWAY PHARMACY.

Niyobona ngomfanekiso weNdhlovu.

Niyobona ngomfanekiso weNdhlovu.

Uma usuka eStation hamba ngoRAILWAY STREET sengati uya ngase Mngeni ubuze noma yimupi umuntu ukuti kupi kwa

Menzi ka Matukululu na?

Uyasuka nsupose amehlo ufune lapo kukona umfanekiso weNdhlovu.

Ungade upambuka uma ufuna imiti lapa kukona uMR. A. H. TODD, UMKEMISI WABANTU KU 13 RAILWAY STREET. Iyona ndawo kupela eTekwini lapa kutolakala kona eyena yena Matukulula wempela no Maqotula. uMvusi Budoda, Imbiza yomzimba ka Hartley umuti wesinye sakulu kwabesifazana, Isimouyo Set-Soto (Insumansumane), NEMINYE EMININGI ENOSIZO KAKULU KUBANTU ngoba ngitaka wona amakambi namakubalo aleli lakini. Lendhlu eka MR. A. H. TODD wase RED HILL, Natal. Sengincengwe kakulu abantu beti njengokuba kukude nje eRed Hill kunganiani kube kona enye indhlu yemiti lapa na? Ngako kesengivula ku 13 RAILWAY STREET. Lapo niyokwamukelwa kona ngenhlonipo NGU MKEMISI WABANTU NOMENZI KA MATUKULULA ose sebenze nabantu isikati eside

Kulendawo uyokwamkelwa ngendhlela engandile ongenakuyifumana ezindaweni eziningi, konke futi okusho yo kuswiwe. Ukuluma sona isiZulu kulalelisiswe okala ngako. Mzi wakwetu qondani ukuti kulendawo (Chemist) elisuke lino mfanekiso weNdhlovu nivumelekile ukungena futi uyajatyuleiwa. Yiyonayona ndawo lapo ningamkelwa kona ngomsa nempato enhle, futi noDotela ukona owazi izifo zabantu siyalala isiZulu kuye unesineke sokublola kajatyuliswa ukushampushampusa, yena usama ngako konke ukuba upume uhlabe umxwele. Niyobona ngomfanekiso weNdhlovu, kuqiniseke ukuti kulendawo oya kuyo kukuNo. 13, RAILWAY STREET

OTUKULULAYO (UMATUKULULA).

UMUTI WAMAKOSI NEZINDUNA, NABANTU.

Ilanga lase Natal.

Igez'elincokazi, elipuza yonke imilambo nemicacazo. Linababhaleli zonke izigojana. Nampa abatengisi betu elitolakala kubo. Olifuna ngeposi atumele lap'Ohlange, Phoenix.

Durban Native Market, F. M. Cele.
" 113 Field Street, KwaNgiobamakosi.
" 124 " " KwaGulakuseni.
" Prince Alf. Str., C. Gumede.
" Native Location. ....
" Point, Bell Str., J. Mcanyana.
Verulam, Thomas V. Ntanzi.
Stanger, S. S. Nohlovu.
Sipo Buiose. Mapumulo.
Hill Crest, Elijah Nxumalo.
Pietermaritzburg, A. J. Sililo.
Ixopo, Paulos Cenco.
Vryheid, B. E. Mhlongo.
Greytown, E. M. Zuma.
Dundee, J. Ngubane.
Ladysmith, Daniel Mahlaba
Newcastle, E. ka J. Kuboni.
Witbank, Ezra Koza.
Emtulwa, Mt. Eliss, M. B. Mazamane.
Standerton, Isaiah Tshabalala
Ermelo, S. B. M. Sloomer
Volksrust, W. C. Ntabeni.
Johannesburg, Christian Literature Depot.
" Jeppe'stown, Miss E. East.
" Braamfontein, J. Mota.
Pretoria, A. N. Mahlangu.
Germiston, Thomas Msimang.
Roodepoort, Sampson Sibisi.
Brakpan, J. M. Shibe.
Barberton, Barnes Myiseli.
Port Elizabeth, P. O. Box 400 James Boag.
Rhodesia, Plum Tree S. L. Kupa.

WHOOPING COUGH

Whooping Cough is known as "The Mother's Dread." Ordinary cases last from 5 to 6 months. Under Sacco Herb Extract treatment children are better in about 3 weeks. They get great relief during treatment. Prices 2/9, 5/- and 5/6 per bottle. Sold everywhere. Full directions enclosed. Yellow package.

SACCO HERB EXTRACT

Manufactured by Sacco Herb Extract Co., P.O. Box 1652, Cape Town. S.28.

LEMITI IXUBE IMITI YEMITI EGAZIN I AMAPILLS.

Ukudhla kwe gazi, nemitambo, ne misipa kuwo wonke umzimba. Ani eza igazi elibomvu elinotile, futi aleta amandhla kwababutaka, ngu 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA KIDNEY BEANS

Lawa ngumlungisi nomhlanzi we zavelo, ahlanza izintso. Zonke izifo zeSinye neZintso.

REVIVA LIVER PETELLS.

Lo nsheshisa ukupilisa isisu esonakele nesibindi esingasebenzi kahle— 1s. 6d. ngebokisana.

Lemiti enosizakalo emakayeni ifanele uba ibe kuwo onke amakaya.

Ingu 1s. 6d. ngebokisi, kubo bonke abatengisa ngemiti. Nxa ungenako yitola lapo ukona, bhala ondise kitina, ufake imali sokutumela ama pills ngokusheshe. Iposi ikokelwa yiti 1s. 6d. ngebokisi.

REVIVA MEDICINE CO.

Dept. Y No. 1. Burg Street, Cape Town

ISAZISO.

Uma ufuna umuti wezilo yiya esitolo otenga kuso ufike ubize HARTLEY'S ORIENTAL VERMIFUGE (Umaqotula) uqiniseke ukuba lowo muti akunika wona unesitombe sendhlovu uqapelisise ukuti unegama lika HARTLEY. Ninga panjaniselwa. Nibuze kumnini vinkili uma engenaye UMAQOTULA ngitumeleni igama lake bese'ngitumela kuye, ngokwenza loko niyobe nisiza mina.

Mr. A. H. TODD,
Umkemisi Wabantu,
RED HILL, Natal.

ASTHMA & BRONCHITIS

These terrible distressing diseases are cured by Sacco Herb Extract. Many grateful letters received testify to the wonderful curative powers of this remedy. Write for our post free booklet, "Hope," containing specimens of testimonials. Sacco Herb Extract is sold everywhere in yellow wrappers at 2/9, 5/- and 2/6 per bottle. Full directions enclosed.

SACCO HERB EXTRACT

Manufactured by Sacco Herb Extract Co., P.O. Box 1652, Cape Town. S.29.

UMOYA ONUKAYO.

Akuko zaba ukuba ungaze ube nomoya omubi. Uvezwa yisisu esibi ungahle ususweke ngokuginga izinhlamvana zikaChamberlain ezifike zigeqe isisu zitotise umoya. Zitengiswa yibo bonke abatengisi.

AmaHlubi
(Ngu M. M. FUZE.)

Impendulo yakomkulu yaya esikoleni zonke zalapa eNatal. Impendulo kwaba amazwi atebisayo okutukutela. Lavela-ke leli lokuti bonke abatanda ukungena emtetweni wabelungu kuhle batate incwadi etile bangene kabavinjelwe. Ngite ngetuka ngasengiswa kute kiti abaningi asebezotata bona ubulungu. Ngamangala ukuba bangabe besesa kimina obhale leudaba. Au! ngisabapateleni bona osixpence labo! ukupela ububhekubheka kuyiwa esinkantolo kuyakutengwa ubulungu.

Ngihlale ngahlala nanko-ke sengisuka ngiyakubuza kuSobantu ukuti incwadi yokungena emtetweni wabelungu le injani na? Inkosi yependula ngokuti igowele izinto esilukeni; akufanele kahle umuntu okushiya ukuhamba kwakubo atate okweziswe angakwaziyo. Ngaweswa qede amazwi enkosi ngasibonela nami ngokwami ukuti akukuhle ukuba umuntu azikipe ekuhambeni akwaziyo atate ekwenhlanhlato angakwaziyo.

UMBUZO KWABAPUME EMTETWENI WABANTU.

Bakiti, ngingajabula ukuba kengizwe ukwahlukaniswa kwomuntu otafe ubulungu kulowo osahlezi ebuntwini bakubo bokuvela. Kambe eyona imnandi ebulungwini yini, loku inxa uzihambela ngokutokoza uzakuzitokozela nawe ngokwobuntu bako njengabo bonke? Anokumbula pela madoda, ukuti ngikuluma ngokwobumpata bami. Ngibezwile noko abanye abati ubulungu basiza ekuhambeni ebusuku emva kuka nayini; abanye bati kusiza inxa ufa, ungabeshiyi abantabako uehlupeka uma ungazele ndodana, ku amadodakazi odwa, srakupangwa ngamadodana omndeni wakubo ifa lika yise angalisebenzanga. Kepa mina ngiti kusenhlanhleni loko, kuqabuka kwehlela umuntu, akusibo bonke abangasizakala ngako. Abanye bati kusiza ukuba umuntu angene enkantini azipuzele angavinjelwa. Kepa mina ngiti kuqabuka kwenzeka nako loko. Bati abanye uzakuzingenela nasemahotela abelungu udhle nabo. Mina ngiyapika, ngiti, qa! kako ongakwenza kulelizwe, ngiyavuma kwamanye. Ungeti uyipela uhle uxubane namasi udhlule nugaketwa. Angitsho ukuti abelungu bangahle bakuvumele ukuba ungene ehotela udhle kanye nabo ngenxa yokutenga kwako ubulungu.

Isahluko XVII.

OKWAGUQULWA NGU SIR G. WOLSELEY.

Wati uba afike uSir Garnet waguqulwa ukutshaywa kuka mbaimbai okwakuba ngo nayini ekuseni kwaba ngo eyiti, kwati ngo wani futi wadutshulwa umbaimbai. Waguqulwa umteto womendo, ukuba kuti lapa intombi yendela komuntu, indhlu ibhalwe ngaompondo abahlanu abazupuma kumyeni, ngapandhle kwezinkomo esiyishumi asilobolele umkwe wake. Kodwa kwatshetsha kwacima loko kwaqina okokuba kutelwe ngaosheleni aba ishumi nane (14/-) ngoba ngalezo sikati sonke esingapambili kwakutelwa ngaosheleni abainkota minyaka yonke seloku kwaqala mdhla sekutatwe lelizwe esandhleni samaBhunu. Ukuba lingabiko isala elikulu elitetwa ngapandhle kwabaMeli.

Lapo-ke kwati dhlikili abaMeli, bagcwala izwe, wati opatelwe ukubiza umMeli, ecaleni lake walahlwa yicala, kwaba yilowo munte wasifanela umMeli, ngitsho nalapo kungafanele.

Ifika njalo inkos'enkulu lena, ipelezelwa yibelo layo lamanye amakosi, se Sir George Pomeroy Colley, General Clifford, Lord Gifford nabanye abakulo enginga sabakumbuli kahle. Lowo nyaka waba mkulu kuneminye engiyaziyo. Akile-ke amaHlubi lapa Ekukanyeni nakwezinye izindawo lapo ahlakazekela kona, nenkosi yawo isekona lapo eCapetown, sevapuma eRobben Island lapa yakululwa kona ngezwi lika Lord Carnarvon owabe nguSecretary of State for the Colonies (okungakuti umPati wawo onke amazwe awabuswa Enkilande pansi kwomBuso wamaNgisi.)

Kuleyo nkati abe esepelele onke amakosikazi, kwakungakalahleki neyodwa. Nomuzi wonke wamadodana amakosikazi nezingane zawo ube sahlezi bepelele bonkana.

Isahluko XVIII.

UKUCITEKA KWABA-S'EMANGWENI.

Kwakute uba isizwe sikaPutini siciteke njalo ngamdhla kuciteka elasemaHlutshini, kwati lapa uSobantu esebuzisisa ababulawelwe kona, asaze satolakala isici, kwasokubonakala ukuti babulawa ngezo bengenecala nelincane. Kwabalapa laba bakwaMazibuko sezite izinsizwa uba zibone zizwa umsebenzi zahamba zaya kusebenza; zade ziyisa imali yazo kuSobantu ukuba azilondele aze azitengele izwe ngayo; ngoba kwase kucatshangwa ukuti sebamukiwe nabo izwe lakubo, kanti qa! lisemi, akufani nakwe lasemaHlutshini.

Konje angiti nginilandisa yonke indaba yakwaMazibuko, ukuti bazalana ngokupeleleyo namaHlubi.

(Kusaqutshwa.)

UTINTA IBALA.

Mus'ukuguliswa inkwantshu yomoya nobuhlungu esiswini ingani oka Chamberlain womoya nokuhlambulula uye ufike qata lapo ufa kona unize ikefu. Mus'ukuhlala ungeuawo unma uke uguliswe ukufa okunje. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

Isifundo sesikole seSonto.
Esa XII: Dec. 21, 1919.

ETUNENI ELIZE NENKOSI EVUKILEYO— Joh. 20:1-21:25.

ISITATELO:-Uvukile njengoba sabo: Matt. 28:2.

Esasingane isihloko:-Umsizi womalusi olungileyo:-Joh. 21:1-23.

ISIFUNDO SIKAKISIMUSI:-INKOSI YOKUTULA. Isai. 11:1-10; Matt. 3:1-12: Luke 2:8-14.

ISITATELO:-Ubomqamba igama uti nguJesu; loku kuaguye oyakusindisa abantu bake ezonweni zabo. Matt. 1:21.

Esasingane isihloko:-IZAZI ZIHAMBELA INGANE uJESU. Matt. 2:1-12.

Njengoba leliSonto lingapambiyana kukaKisimusi ngezinsukwana kufanele kutula ukuba ukuzalwa kukaJesu kufundwe ngako; futi lez'izifundo ekade sizifunda sidinga indaba yokuvuka ekufeni ukuba izipelelise. Empeleni kufanele nje ukuba zombili izihloko zifundwe kanyekanye kufundwe esikoleni seSonto kuMatt. 2:1-12 nakuJohane 20:1-10 no21:15-19, kuqalwe kukulunywe ngokwaveswa ukuzalwa kukaKristu lapa emhlabeni bese kutatwa ukuvuka kunge kupela kulabo abayingcozana ababepatekile ngaleyonkuti kepa kubo bonke seloku kwaloko, nakiti banaumhla.

Emakilasini ezingane fundisa indaba yokuzalwa kukaJesu neyokuhambela kwezazi. Landa ukuba bazisolani isipo lezo zabo, ubese ubakumbuza ukuti ngeSonto elidhlule sake safunda ngokufa kukaJesu, kepa ngenxa yokuba uJesu wabe eyiNdodana kaNkulunkulu waengenakuhlala njalo etuneni kepa wavuka njengoba washo. Njalo abafundi ababenge besafanela ukutandabuza ukuti uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu. Kambulani amazwi kaJesu okuti, "Ngoba ngipilile nani niyakupila."

Ihlelo lesifundo: I. Indaba yokusa kweMvuka kufeni Joo. 30:1-20. II. Ukubonakala kukaJesu. III. Ubufakazi bokuvuka ekufeni kukaJesu. IV. Ukubuyiselwa okupeleleyo kukaPetro, Joo. 21:1-19. V. Okwenziwa yikuvuka ekufeni koPetro noJohane. VI. Izwi elifikiswa yikavaka ekufeni l'engeza pezu kwenjabulo yeswi elfikiswa uguKisimusi

I. UJesu wab'elele etuneni izinsuku ezintatu kumbe izinxenye zezinsuku ezilandelanayo ezintatu okwabe kutiwa yizinsuku kubaJuda. Etuna labe liootshwe edwaleni eqeleni leutaba kungesilo ituna elisemblabatini Wavuka ekufeni ekuseni ngeSonto kwazise iSabata labaJuda labe li ngoMgqibelo. Kwaba abesifazane abanotundo olwabafikisa kuqala etuneni okuyibona babikelwa kuqala yinsizwa egqoke esimhlope ukuti nsevukile ekufeni; owaqala ukumbona uJesu nguMaria waseMagdala. Lapo nifunda lezizindaba nibopaula ukuti kwabe kulukuni kubo ukukolwa ukuti uJesu wsevukile. Banela ukuzwa nje oPetro noJohane ukuti ituna selize bagijima bayaubona kwati uJohane owaesemuba waya wafika kuqala kepa wafike wema embotsheni, kube wat'es fike nje waponseka pakati uPetro. Lapo sebezibonile izingubo zokulahlwa tiwa, uJohane wakolwa. Kumbuleni ukuti uLazaro waze wasonjululwa izingubo zake zokulahlwa. Kwaba yisimangaliso sokuvuka ekufeni esatukulola uJesu. Lapoke abafundi bagoduka baya emakubo. Kwaba yindaba enkulu okwadinga ukuba bayicabangisise. Kwase kuti endaweni etile eJerusalema ngesikati esitile kungakahlwi uJesu waqamuka kuPetro (Luke 24:29, 34.) Akulotshiwe nkuti watini, babeqala ukuhlangana oPetro owapika iNkosi yake neNkosi eyapikwayo. Loku kubonakalisa utando lukaKristu kuPetro opendukileyo ukuba aye kuye.

II. Okunye ukubonakala kukaJesu:-Kuqala kuMaria waseMagdala, (Joh. 20:11-18;) okwesibili kwabesifazane bebaya ematoneni, (Matt. 28: 9, 10., okwesitatu kuPetro (Luke 24: 29:34;) okwesine kubafundi ababili (abangesibo abapostoli) beya Emmaus (Luke 23:13) pakati kwesikati sika-4 no6 ntambama ngalo lolosuku 'Apr. 9' okwesihlanu kubaPostoli eJerusalema engeko uTomasi 'Joh. 20:19' kusihlwa ngalo lolosuku; okwesitupa kubapostoli ngokwesibili ekona uTomasi 'Joh. 20:26-29' ngeSonto April 16 kusihlwa, okwesikombisa elwandhle lwaseTiberias 'Galilee' mdhla abafundi abayisikombisa bedoba 'Joh. 21:1-23.' okwesi8 kubafundi abayi11 entabeni yaseGalile (Matt. 28:16' okwesi 9 kubazalwane abadhlule ama500 ngesikati sinye '1 Kor. 15:6' eGalile, daze nesikati sesi8. Okweshumi kuJakob eyedwa mhlaumbe eJerusalema '1 Kor 15:7' okwe11 kubapostoli entabeni mdhla enyuswa 'Luke 24:51' ngolwesine, May 18.

III Ubufakazi bokuvuka ekufeni loku kufanyanwa njengokusho kwabantu abaningi kangaka ababuye bambona esevukile, nakati amasosha ati abafundi basitumba isidumbu base beqamba lendaba yokuti uvuke ekufeni. Uma indaba le yabe ingeqanjiwe nje babe ngayikulanda ukuti kwabe kulukuni kubo uqobo ukukolwa yiko, futi indaba ingabe ihambe yahluka ngezindhlela eziningi futi, babe ngayi kunika udumo lokumbona kuqala uJesu kuMaria waseMagdala. Ngapambi kokuvuka kwake abafundi base bepete itemba, yiko ukuvuka kwabo loku okwabaguqulayo. Umsebenzi kaKristu nesitunzi sake lapa emhlabeni kumangalisa ngokungapezu kokuba kube yisitunzi somuntu ofileyo. IV. Joh. 21:1-19.

V. Ekufeni kukaKristu abafundi babesabhekile ambuso walap'emhlabeni, ukufa loku komholi wabo kwaqeda itemba labo. Ukuvuka ekufeni kukaJesu nokwamkeliswa uMoya oyingcwele emva kwaloko kwaguqula isimpilo zabo kwabakipela ukuba bemise bahlokomise yonke indawo umbuso weNkosi uJesu.

VI. Liyini itemba letu nomsebenzi wetu namhla?

Ocela emakosini

KuMhleli weLanga.

Mngane,— Ngicela ukuba ngibuze ukuti kwenziwa yini ukuba ngiqube amazwana ami kini, engiwaqubela emakosini akiti apete umhlaba. kepa ngingayitoli impendulo kuwo na? Amazwi ami kambe apume e"Langeni" langomhla ka September 5, 1919. Kute du nya impendulo yamakosi.

Pela mina ngangilobele amakosi asipeteyo, angikulumi nomuntu opetweyo, ngiti amakosi kufanele ewe iswi lika Baba wetu sonke. Lapa epepeni ngibhala ngenxa yokuba ngitemba ukuti i"Langa" lingumlomo wetu tina bamnyama wokuba sikulume ngawo.

Ngicela loko mina emakosini akiti

DINGAYEDWA MKIZE.

Nanto upau lwegama lami X.

NgeMvo Zabantu

"Ku Mhleli weLanga."

Mngane—Ngixolele ngokukupazamisa nkosi ngiti mina, yini ukuba abantu bakiti bapike ngokukuluma izinto ezingasizi luto mayelana neMvo zabantsundu (Native Opinion.) Izinto zimi kabi manje madoda ake kuyekwe izibo ngo zobugwili nantoni kukulunywe ngezezwe. Nanka amanxusa bawakipa emikunjini namhla ngoba impi seyipelile kanti i"Mendi" yashona nemipefumlo yabantsundu. Qubani ngeSouth A. Native Opinion ukuze abasebenzela izwe babone ukuti simi kanye kuwo onke amatanga ngisho nje kuleli laseBarberton akwaziwa luto ngo"Congress." Yindaba kabani leyo? Eyenu madoda apambili uti imbala o"Star" niyabafunda nje? Umlungu wokunika i Immediatte's bag of sweet potatoes wena uesidhla lapo unwabile. Yini kunga lungiswa izinto zezwe?

Akuqutshwe imvo zabantu (Native Opinion) madoda.

Ngiyabonga Mhleli.
Yimi Owako,
E. S. MAZIAH.

Ngomva akushunyayelwe ukuba wonke makasejwayeze ukufunda ipepa.

Ukupumelela kwe Tembelihle.
(NguBHEJANE.)

Ngifuna ukulandisa abatanda isizwe ukuba siye pambili nabatengi base Cornfields neTembelihle. Unati uNkulunkulu, sipumelele simunikile oyisihlobo setu owasitsheleka imali £150 sakoka nenzalo engu £9. Niyokumbula ukuba leyomali sayiboleka ngoba izwe laseCornfields uMbuya walishiya linecala lika £633 eyakula yase yabangamakulu asikombisa namashumi asikombisa nompondo ababili neshumi nosheleni aba isitupa £772 16 ngokulibala kwabantu ukutumela imali. Kute sekutolakele u£600 mina neKomiti satsheleka i£150. Yiyo leke esiyikoke ngoNovember 5.

Sekuvaleke imihlaba yabatenga abaqeda esitengisa. Kulindelwe ukuba bakipe £3 ngoba imali yokulungisa amaTaitili kayiko.

Lapo ngipendula kuMbuya ngaba njengesipukupuku kepa imali eyatelwa abantu kuye yaba yizinkulungwane ezimbili, nekulu elinamashumi asikombisa nompondo abatatu neshumi nosheleni aba isikombisa £2,173 17 yaseCornfields abantu abangakatoli amataitili ngingabali asebeyitela kitina sebekuiula izwe. Eyatelwa abaseTembelihle nabo bashiywa bengenataiteli ingamakulu asishiyagalombili namashumi asikombisa nesihlanu sompondo neshumi nosheleni abayisishiyagalombili nezindibilishi ezintatu, £875 18 3 ngingabali etelwe kiti yelekelela ukukulula izwe. Sibonga uDambuza kaHoqoza owasihaukela saze sabona isu lokubuyisa izwe eselifake endalini uMbuya.

Eyase Esiena iyi £1,021. Icala laleloswa latetwa ngoMarch 27 lalahla uMbuya engeko umMeli ngo £2,582 19 9. Selitengisile-ke, sesikalela izihlobo zetu esazitenge kulo. Asazi noba bayaube basaalelwa luto lokukalela kulo. Kuyoba kona umhlangano lapa eCornfields ngoJanuary 1920.

KANT'UKWONGA.

Kubiza imalana nje ukuba uhlale nokaChamberlain womoya nokuhlambulula ebhokisini lako lemiti, kanti ukwonga isigcino. Uyasindisa sonke isikati futi ngokushesha. Utengiswa yibo bonke abatengisi.

OCELA ULWAZI kuMNUMZANA F U Z E NAKWABANYE ABADALA, NEZIFUNDISWA.

Loku ngiyitakulelwe yaseCape Province nengitetelela ngokukulumela eku tile enkulumweni yami, nangayo lagxu bovango ngalini lwasemaini.

Nanaiko indaba:—Amabizo: 'iHlubi, iNdebele neZiyendane' akomba muntwini munye. Loku ke ngikuqapele ngakubona kwisizwe samaHlubi engiwaziyo akulesi sindawo esiseHerschel, C. P. naseGriqualand East. Kodwa nawo lamabizo mabili okugcina:Ndebele, Ziyendane' kavamile ukusetshenziswa, ngabeSutu bakwa Mshweshwe kupela abavame ukusebenzisa ibizo la "Matebele" 'besisho ke amaNdebele', nxa besho amaHlubi kumbe besisho sonke isizwe esingakwirisiyo ngisho sonke isizwe esingakulumi isiSutu. Kodwa pezu kwako konke nxa umSutu wakwaMshweshwe eku luma nge"Tebele" usho i"Hlubi.," Yenye indima leyo.

Isizwe esaziwa ngabo bonke njenga maNdebele naso enhla kwaMzilikazi Indhlu yobukosi ngabakwaKumalo. Kwesesizwe samaNdebele alapo, kuko na abezibongo zakwaXaba, Mtimkulu Dhlamini, Nkomo etc., nxa ngibeswa ngalabo abati bayazi ngesosiswe. Yindima leyo yesibili.

KulamaHlubi engiwaziyo aseHerschel naseGriqualand East. kukona isibongo zawoXaba, Kewsa, Dhlamini, (ingengawo amaZizi), Mtimkulu, Radebe, Kumalo etc. Qapela lapake uKumalo lo kulesisigodi akabalelwa ebukosini 'royalty' neze, u"Kumalo" ngumfokazinje. Yindima yesitatu leyo.

Umuntu ke onamehlo nomqondo wobona lapo ngifike ngilahleke kona kwezigaba zitatu sengizilandile.

Imibuzo:—Elona libizo lidala kuHlubi, Ndebele, Ziyendane, lilipi na? Lama bizo omatatu akomba muntwini munye yini na? Uma kungenjalo kuhle ningihlaziulele. Ibizo leHlubi, Ndebele, kumbe Ziyendane, line sizalo salo yini na (ngisho iRoot meaning? Uma ngeko iRoot meaning kuhle ngilandiswe ngesiga kumbe umehlo omalunga nokuqamuka kukaHlubi, Ndebele noZiyendane. Ukwenjenje ukubuza loku, kuya ngoba umuntu 'kunjalo nakuso isizwe' uyayacunywe libizo lokutoketiswa kumbe ibizo lokudhlaliswa kumbe elokutikinyezwa 'Nickname', kanti ibizo lakwabo selofela futi nya. Kungakoke ngitaada ukwazi lapo aqamuka kona lamabizo.

Ubabamkulu nogogo ngibabonile ngabantu abazaleiwa kwelo namuhla libizwa ngokutiwa yi"Natal". Ugogo loko abemana ekusho angizanga ngikulonde ngenxa yobungane bami. Kodwa ngisakumbula ukuba yena ube ngayigabisile indaba yokuba singama "Hlubi". Ngisakumbula ukuba indaba eyayipambi kuye ngesindaba ube tinta futi ngamazwi anjena:"Nxa sa sisakile le kwelakwaMtetwa etc." Waye ngubo yena uMtetwa lowo Ngapi kukaTshaka?

Nguwupina owaqanga njengesizwe ku"Zulu noHlubi"? Kuhle ngilandiswe ngeRoot meaning ka"Zulu" kumbe ngilandiswe ngomehlo otile omalungana nokuqamuka kwalo ibizo lika "Zulu." Lelibizo lika "Zulu" livele nxa kupete yipina iNkosi emayama kudala?

UMLUNGU ENGAKAFIKI ENATAL.

Nama Mfengu engakabiko emhlabeni, naMandebele engakabiko enhla (eRhodesia yanamhla.) Kuhle ngilandiswe ngenosiswe esikulu esazi inhloko nasakile kuleli namhla kutiwa yi "Natal & Zululand" ngisho isizwe za "eBantu ingesizo isizwe zaBatho" esi kwirisayo.

R. M. SIBOTO

(...be emaHlutshini.)

7 Upper ...ley St.
Capetown

Ukatala njalo?

Kuhle ukukatala ngesinye isikati inxa kade uxukuse umzimba ngokwaneleyo ubese uswa udinwa ngokuhle kwempilo.

Kepa kuhle uhlunyelelwe yikupumula, uku hlala ukatele okungasepeli noma kade ulele kusihlwa akundhlela. Kusho ukuti igazi lako lihlwesile lipele amandhla nokuti udinga umuti wamandhla ukwaka uqinise umzimba wako ungange nwaisimo esinjalo. Inxa ungakwenzi loko umema isifo ngoba igazi eli amanzi lisbo ukuti izivikelo zomzimba ekuhle seleni kwesifo zehlisiwe.

Igazi elilula kuvamisa ukuba kube yicala lomninilo. Kuvela ngokudelela ngoba igazi leli lingakiwa amaPills ka Dr. Williams afaka yonke iminombo edingwa yigazi yokulinotisa litope no kuba libe namandhla okwamukela uno ya omningi. Ukwaka elibomvu igazi kulula, kepa ngoba igazi elilula alime mezi ngaluto livama ukudeleiwa. Imba la uke ucabange nje ukuba uke asela pe ngamaPills enza igazi? Inxa usata ndabuza loba utsheiwe.

Umtengisi wakini uyatengisa ngama Pink Pills kaDr. Williams, noma kona ngqo kwoDr. Williams' Medicine Co., 9, Long Street, Cape Town ngo 3s 3d Igabha lilinye noma abe situpa ngo 18s. ungakokeli iposi.

Ovumela uMr. A. Champion

(Ku Mhleli weLanga.)

Mngane,— Ngicela indawana ke ngi vumele lomfo ogama lingandile, okulupo lapo nje kupela.

Ngifisa ukumvumela emcabangweni wake wokuti kuhle kuhoiwe ngokusebenzela uCongress. Nempela ngiti kulapo kuhlupe kona ukungahambi kahle loku okungaka ngoba umuntu ekedonswa luto osuke eketiwe. Nami ngiyamvumela lapo lomfo kuhlupe lona nje igama lake leli elibi kubantu. Angazi ukuba uti yini leyo ngoba baningi abanjengaye ukuba nawoyise mkulu bamagama esilungu, ukuti yona udhlula bona ngani. Angisho ukuti ngingene kuleyondaba kodwa igama lake liyatunisa konke ukukuluma kwake eti ukulumela isizwe sakubo ngegama elinje. Indaba yami kuloku eyokuti ngiyamsekela ekubeni kubalwe ngokusebenzela uCongress. Sekubonakele kwanele ukuba akahambi kahle makulingwe ngenye indhlela njengento sonke silingwa ngendhlela eziningi, akumiwa ndawonye, ngako ngiti ngiyamseka lomfo emcabangweni wake, muhle impela.

Okunye kuyamangalisa ukuba umuntu angapiebekela umsebenzi omkulu engatoli luto. Futi ukuhamba kwemali kabi kubangwa yiko loko ngoba kukona ukuti, Mina ngitolani ngaloku. Kuhle ngizitatele ngiziholele mina. Kuliqiniso kuya funeka ukuba kuhoiwe kubekona abapila ngako, yikona kungabakona ukulinga ukuhambisa kahle ngoba umuntu upila kona angefune ukuba kutiwe akalungile sekuzofunwa abanye endaweni yake. Ngiyabonga Mhleli.

Mina,

F. MPINKULU KUBHEKA.

Udingwa kuwo onke amakaya. Ukusizakala okungandile okwafikiswa nguZam—Buk.

Uma ugcoba uZam—Buk napi lapo usikwe kona, nasenxebeni nasesikumbeni esinesifo, uyaumangala ngokushesha kokubaleka kobuhlungu noku betshwa, nokuqala kahle kokupola kwesindawo esibuhlungu. Izigcobo esivamileyo lezi nezibopo zokuqeda iziblungu asisebenzi kanjalo.

Ukuvela kukaZam—Buk okungandile nangokuba ngumuti wonke yiko okwenza elape ngokungandile, enamandhla okudambisa nokupozisa kwako okungafani nokwamuti esifweni sesikumba nesilonda. Onke amatonsane enziwe ngaye uZam—Buk anamanzi awo okwelapa. Ngaloko ke uZam Buk usidhlula kude le izigcobo esivamileyo.

Empeleni awuko omunye umuti ofa na nokusebenza okupilisa ngesimanga liso kukaZam—Buk lo owaziwayo. Wahlukile ezigcobweni lezi esivamileyo esisimsé zambese inxeba noma isilonda "sivalele ukufa pakati"

Yena uZam—Buk uqala ngokumunca bonke ubovu kona inyama yako isahlanjululwa, ihlakahlwe ngokwelatshwa andube ukupolisa kudedelwe kuqalise. Yiko lokukwahluka osekwenza uZam—Buk abe nedumela emikayeni yonke yomhlaba.

Inxa uZam—Buk enekwa endaweni ebuhlungu uye ufike esiqwini sesifo. Ubulala amagciwane abanga ukulavuzela nokuvuvuka. Ufike uxoshe konke okunobuhlungu. Bese kuti lapo inyama isigezekile ngokwelapeka, uZam Buk ahlumise isikumba esisha esipilile yo kuyo yonke leyondawo.

Yiko kungabuye kubekona ukubuya kwesifo nokuvuka inxa indawo ebuhlungu kade yilashwa kahle ngesu lika Zam—Buk ongandile.

Usenesikati ehlolwa uZam—Buk, nesifakaso esiyo zilotshwe zihlokonyiswe zokwenza kwake zifakaza ukwetembeka kwake ukuba uyiwona muti ongafani namuti ezilondeni nomcoboko, nomuna, nosozo nezangemva, nezoka kayi, nesihlungu enxebeni, nezinduna, nokuvuvuka, nengqwaimana, nezinyawo ezibuhlungu, nokusikwa, nokuputuluzeka etc. Funa idosha ube nalo eka ya namhlanje amanani 1s 6d noma 3s 9d ngedosha



UKUGULISWA YIZISU KUBANTWANA.

Ngezinyanga zashlobo, omame babeqapa ukuhlambulula okungayi ngendhlela kwezisu zabantwana. Inxa kuputunywe ngalesisikati kuyovimbeleka isifo esingaba yingozi. Oka Chamberlain womoya esiswini nowokuhlambulula ungahlala uneyeme kowo. Utengiswa yibo bonke abatengisi.